LANGA LASE NATAL

Olwesihlanu February 18, 1921.

EzeParlamende

EMVA kombango omkulu pakati kwezigaba zokuketa amadoda azoya kodala imiteto eCape Town, lupumelele uqweqwe luka Smuts. Lo beku umbango osengati udhlula eminye iloku kwaqalwa iUnion. AmaBhunu iloku anikezwa ivoti iwona amaningi eMkandhlwini weParlamende. Kepa ekuqaleni ayehlangene eyimbokodwe pansi kukaGen. Botha, uHertzog waqala ngokungenisa isikwele noBotha esekona eti, kuhle amaBhunu azibuse kube njengesikati sikaPewula. Walupehla lolo vati lwake eti iSouth Africa ayinqamule intambo eyibopezele eMbusweni waseNgilande. Engakungeni loko uGen. Smuts, iningi lamaBhunu laya kuHertzog, kakulu aseFree State. Wagunya uHertzog, kwabonakala ukuba uSmuts asenakuquba kahle. Wamemezela ukuba bonke abatanda ukuba iSouth Africa ihlale inobudhlelwana neNgilandi, abahlangane babe sigaba sinye ukuze bakwazi ukupikisa isigaba sikaHertzog. Nembalake kwaku eyamanikanikane ngolwesibili, Feb. 8th wapumelela kuzo zonke izigaba. Noma abemele izisebenzi bengahlangana nabaka Hertzog wodhlula abe namadoda angaba 20 pezu kwabo uSmuts. Kepa uHertzog nabalandeli bake uyindaba egudwini, bheka ngoba iFree State uyitate yonke; kwenzeka nesimangaliso ngalapa eFilidi kwelaBaqulisi abelungu bakona bavotela uHertzog.

Izigaba zimi kanje:—

Abaka Gen. Smuts	78
Abaka Gen. Hertzog	44
Abezisebenzi	9
Abazimele	1

EZANENO NAPESHEYA

WADHLISWA ABABO.

Indaba yecala esike saviti fahla ngayo yokufa komfundisi uRev Jecotett isahamba njalo. Sekuhlaluke ukuti kanti umfundisi lo omunye abebepete naye isikole seBhaibhele eMorija wasengenwe ububi bokunangusa enye yamantombazana omfi. Kuvela ukuti uaheva watolwa edeskini likaRev. Duby lowo, ebekade eye kuwutenga kumkemisi. Wafa uyise wentombazana eyalaile ukuba ize ingavezwa indaba yokuhlangana kwo mfundisi lo nentombazana yake. Sekuvele nobunye ubufakazi bokuti uyise njengaloku wabe esekuswile loku wabe eseyalusile intombazana okwati loku ingaconele kahle ekande yamensa isita uyise basa benza lo'uso-lo lokumdhlisa. Bonke abadhla lelo sobho bagula kepa kwapuma nayubunqa umfi. Indaba isahloiwa nje izolindiselwa amajaji. Hayi, ibuhlungu.

LIBAVUMILE.

Icala esetoku laqala nyakenye lomnumzane (Mayor) waseTekwini namanye amadoda okwatiwa awafanele ukuba amalungu eTown Counsil abe engamalungu eTurf Club futi kade lalizukuswa ceekuze larqumuka pambi kwomgwamanda wamaJaji amatatu ase Supreme Court anqume ngokuti umteto lowo awusho odabeni olunje ukuti babepula umteto laba.

HALALA GEN. SMUTS!

Indaba ekade isemlonyeni ngalamasonto lapa eUnion ngeyokuvotela abazokuya eParlamende. Kade sesibacazela abafundi betu ukuti umbuso upatwa ngeningi. Abebepete umbuso babeyingcosane bedhlulwa abakaGen. Hertzog okute ngoOctober odhlule uGen. Smuts wati makuvele isigaba esisha sabangavumelani noHertzog oti mapele uKing lapa. Ukuba upumelele uGen. Smuts naye umangele ngokuvelileyo ukuba azuze abazovumelana noHulumeni abangu 78 babe abaka Hertzog beyi 44. Loko kuginyisa amate kubo bonke abatanda ubuNgisi bume lapa eSouth Africa.

IZWI LOKUZIKETELA.

Likona izwi ekade lisemlonyeni kakulu ngesikati sokupela kwempi eliti "Self-determination" elagitshwa nguPres. Wilson eti bona balwela ukuba izizwe ezincane zonke zizikete le umbuso esiwutandayo nendhlela abazopatwa ngayo. Ukona umfundisi waseNgilande ote leloswi lokuogisa abantu liyedukisa kakulu wati uma lingalandelwa emaaweni anjengoIndie neAfrica kungonakala okuningi nobuKristu bungafa nya.

UKUCWASANA KWEBALA

AbaseAustralia kuawakala ukuti sebeyabambana bati makutiywe indaba yokuba abaseJapan bafune ukulingana nabelungu ekubuseni. Bati makuhlanganwe neMerika batiywe bangavunyelwa ukuba nemikumbi engangeyabelungu futi bangadedelwa ukwenaba ematangeni angawabelungu. Bati nome kade besiza empini abalungu abangavumi ukuba badhle njengabo. Izindaba zobandhlululo asisoze zapela koze kufike iNkosi yona eyoguqula izinhlisiyo zabantu babe munye ibhubesi lidhlale nemvana

IZINDATSHANA NGEZINTO NABANTU

UseseGoli futi uMr Sol. Z. Mashabane enkonzweni yasezilungwini.

—:o:—

Emva kweminyaka engama 27 amuka lapa eNatal uRev. J. J. Jabavu uselapa futi. Ungumfundisi eNdaleni, Richmond.

—:o:—

Liyaungena ngoMarch 4 iParlamende le Union.

—:o:—

Uzoba lapa eNatal isikashana uRev. G. B. Mvuyana ezoshadisa indodakazi yomnewabo engu-Ethelinda S. noMr. Bennett Ndwandwe.

—:o:—

Uhlupekile uRev. I. Shembe washonelwa enye inkosikazi yake lapa Ekupakameni.

—:o:—

Ubikwa ukungabimnandi uMr. Cele ilunga elidala lase Metuta. Waza lomusi enamhla usemkulu.

—:o:—

Ngenza yokufana kwamagama ukuti uRev. Duby unecala Ontu abenye sebeti lowo nguMafukuzela. Lowo umfundisi omhlope obekwe icala lelo elibi.

—:o:—

Ubonga Ilanga uRev. T. Nqeshi wase Mkomazi ngoba usebatolile abakubo abebeloku bedukelana ngokuGqibuka kweGoda ku (1840).

—:o:—

Ususovulwa umgwaqo omusha wesitimela osuka eBooth Junction uye ungene eCato-Ridge. Usepelile nesitimela sesike sihambe.

—:o:—

Icala elikulu elakipa ezihlalweni uMayor Borman namanye amadoda ngoba engawe Turf. Club linqamkile eMgu'ndhlovu kwatiwa awako umteto wokubakipa.

—:o—

"Amadoda aluhlobo olubutakataka olungesisize ngaluto, babhajwa esenteni lempi, yitina kupela sifasana esingaba vikelayo." Lamazwi ashiwo owesifazana.

—:o:—

Amanani ezinto kutiwa kade ehla kepa abantu basatenga ngayo ababetenga ngayo ngesikati sempi. Umfo wakwa Dukasa uschlabeln'mkosi uti abantu abangavumi ukutenga ngenani lempi.

—o—

Izulu linile ngesonto elidhlule kwesinye izindawo yaba ukulu impela, lawisa nesicoto kwafa ukudhla nempahla, izinkomo. Lapa ayibanga ngakanani.

—:o:—

Useye eHardenburg Matatiele uRev. M. Klusa okade eseHlokozi iminyaka eminigi.

—:o:—

Bati eGoli kukona izilikici lomlungu elingena ezindhlini ebusuku kulelwe lise lipume lingeswiwe muntu. Kwenye indhlu sawolwa zonke izingubo kwasa bekohliwe ukuti basogqokani.

—:o:—

Intombi yomlungu yabizoza eGoli enkantolo ukuti yatunjwa yavinjelwa umlisa isonto lonke endhlini yake.

—:o:—

Kade kutetwa icala eBhai lentombazana eyabe isebenza eposini eyantshontsha imali eyabe isecwadini yomuntu ingu£4:10.

—:o:—

Umfana womlungu pesheya wabulala isalukazi somlungu ngesando efuna imali yokudhlala ngoEaster.

—:o:—

Kwaswakala indaba ebuhlungu emhlanganweni wenhlanseko eTafamasi intombi yomuntu utisha ihambe ngesitimela yabonana neKula elikuluma isiNgisi kwaswiwana kwaze kwavunyelwana. Mnumzane lowo owayekwele nabo ukuba abagilanga umkuba. Sesifile uma sekanje.

—:o:—

Uti uMr. F. M. Mzoneli makube uyisifiki eGroutville uZakeleni uma eti bekungaziwa ukuti iyadiliswa indhlu yabefundisi yakona. Uti sekucishe kube yiminyaka emibili lendaba ikulunywa.

—:o:—

Ikwaya elikulu labantu eliyauba seTekwini ngoJuly 18 elifana nelabe lipetwe ngu Mr. N. Lutuli ngo 1911, nonyaka liyaupatwa ngu Mr. G. M. Sivetye oseTheological School, Adams M, S., iciko elinye lokuhlabelela.

—:o:—

Abelungu beaze omkulu umhlangano namhla eMgu'ndhlovu wokugiba izinqumo zokudiya imincele lapo umIndia eyohamba afike akaale kona ekutengeni nasekwakeni nasekufuyeni. Abase India abasibekile pansi nabo ngamalungelo abo.

—:oo:—

Wakuluma amazwi amakulu uRev Dr. Taylor eTefamasi lapo elinganisa ngezinkau ukuti ziwela umfula ngowele ngoba zijobelelane zense njenga oluye lufike ngapesheya komfula bese kuwela abafazi nezingane zazo. Wati isizwe siyosindiswa ukuba abanye bendhlu mnyama basidele kanjalo ngenxa yesizwe sakubo.

Andreas Mbata, Mt. Ngwibi. Ikeli lepepa uMteteli waBantu nanti:—P. O. Box 4524, Johannesburg.

—:o:—

Kade ehambele eMgu'ndhlovu waseTekwini uChief Ma'ocitwayo waseMacanwini.

—:o:—

Isasiso esibonakala lapa epepeni ngolidhlule sokuti uMrs S. N. Musomi unogwayi atengisa ngawo sabe singaveli kuye kanye ugwayi lowo, kamasi noyatamela lezonaso.

Obuza Itambo.

Ku Mhleli weLanga"

Babe akupind'ungivumele epepeni lata. Ngicela uku kungibuse kulaba ababehamba nabelungu empini yabelungu nabantu ukuti babe ngeko ini abelungu baseColony empini na? Kwakulwa abaseNatal bodwa ini na? Babe ngisho ngoba kade kwangihlupa loku ukungazi ukuti abelungu baseNatal ini ekona pakati kwabo nomnyama na? Kade ngizozelwa uMr. C. J. Mpanza okade eye eCape uti, "Babe kwele kulat. Class kusuka emncoeleni weNatal baye bafika eLovedale nale sebebuya kwanjalo, banele bafika nje eNatal yati eyibatate indhlu emhlope isibakipa kulat. Class ibesa ku2nd. Uti, ngapuma nyova, into nje nami angi tukutelanga ngoba ngungisazela into engyiiyo kiti eNatal. Okunye futi naku Mhleli ngisanda kutetisa abantu bakiti agiti abangasho ukuti basitiyile abelungu. Kepa kumanje sengicishe ngadhla amasw'ami. Esikoleni esitile kona la eduze neNatal kwakuhamba abamhlope abe2 bey kwenye indawo iBandhla lakona labavalelisa ngeminikelo emikulu. Lase licela futi uba lenaele umfelokazi otile kona, Umpati wala wapeta. Kwenye indawo futi kwakuhamba aba 2 omhlope nomnyama wavalelisa kahle omhlope ngeminikelo, omnyama wati notandayo ukumvalelisa wasale esekokobisa ngasese. Kutini ke konke loku na? Wo! No-Nkulunkulu wosebenza ehlanganisa. Sitaheleni nina enanisempini ukuti abakwaZulu babulala iNkosi engakanani le etambo lingaboliyo leli.

Sala Mhleli,

SITABATABA

Izindaba zaseSpookmill

NguMAHLAL'OTINI.

Ngiyakuleka Nkosi yodumo. Ngivumele ngihlokomise udumo lomuzi omusha iSpookmill. Bafundi be"Langa" kumbulani pela ukuti ngake nganibikela ngokufika kwalenaizwa uR. J. S. Guma utisha onodumo owafika kwazimasema zonke izindawo ezakelene neSpookmill. Izingane besigowala esikoleni kungati simenyesiwe besiqamuka isirojana zonke amaviyo ngamaviyo. Bekubonakala ukuti kuya setabenswa. Ube sekelwe amagidiponyane amabili ezintombi abefundisa naso. Lezintombi bezimsekela ngokuswana kakuhle impela. Namhlake lensigwa ipumile kulesisikole iqoqde ukuyoqubeka ezifundweni zayo.

Ukuvalelisa kwake wabhala incwadi enza isicelo wayinika ikomidi lesikole. Naloke layamkela ngokutokoza. Lase liyetula kubazali babantwana nabo bavuma bati kuhle kwenziwe umdhlalo wokuvalelisa utisha. Kwase kumenyeselwa indaba yokudhla. Poke amakosikazi amaqewe amakulu! Amanye aleta umbila amanye imali. Nabanumzane bakutala impela. Lwafika ke usuku lokuvalwa kwaso isikole Umuntu wala nje wati kadhlalwa umkosi. Kwati nje ngo1 o'clock kwadhliwa idina, kwati ngo8 o'clock wasidumelisa umfo kaGuma ngeDrill. Kwakunya ibhande elibomvu elaligaxiwe elabe libhalwe ngokumhlope ukuti "Farewell." Emva kwake zadumela esikaMiss Ntanda ngayo iDrill siponse lona futi ibhande elibomvu. Zaqamuka esika Miss Hlubi nazo futi siponse lona elibomvu ezifubeni. Umuntu wadideka nokuti ibapi abehlule abanye. Emva kwaloko zangenake endhlini zadumela futi ezomfo kaGuma. Kwase kulandela esika Miss Hlubi. Poke yazabalaza insizwa yaze yaqinisa isijingo. Kodwa ke basebenza ngokufanayo bobatatu. Kute ngo11 o'clock wasuka umfo kaGuma wakuluma amazwi amahle evalelisa ibandhla lonke nabantwana. Walulekaabazali ukuze baqube impela babafundise abantwana. Ute ehlala zasiwa izinhlamvu zemali nezinkuku zokumvalelisa. Amakosikazi akuluma ebonakalisa utando kutisha wabantwana kwapunywa ngeculo eliti "uJehova abenawe." Site sipuma emdhlalweni sasingena emshadweni ka Allison Hlubi wakona lapa eSpookmill. Umshado be unokudhla okuningi kabi. Ubeshadiswa uRev. E. Mtembu. Wanika amakwaya ituba lokuhlabelela, Ayematatu elika Joe Sibeko noJohn Makaza noMahlala Hlubi. Anginakusho luto asebenza omatatu. Site sipuma kulowo sasingena koka G. Mfusi noMiss C. Matobela, laboke bashadiswe uMfundisi Mahamba owakipa amanooko amahle kakulu. Amakwaya acula kahle kakulu elika Joe Sibeko no E. Tshabalala. Intoke etanda ukubedumaza abafana sebehloma izinduku. Lemishado yombili batande ukuyona ngokulwa. Kepa abanye basibiza ngokuti befundile. Tinake siyapika siti abafundisiwe babonakala ngezenzo. Tina asikwazi lokukufundiswa okunje. Kuhle basipute ngcono labo abati bafundisiwe.

ISIBUKELI,

Umfana weSangoma

Kutshiwo ngazi ukuti uashado oshada kuMfundisi [illegible] "Umshado oyingowele?" Akangitshele owasiyo.

Liya ngokuqina izwi lokuti makusontwe ngoMgqibelo ngoba ilona Sabata aputeula ngalo uNkulunkulu. Elinye elokuti kufanele ukuba sibhabhatiswe ngokucwiliswa njengoJesu. Kukud'emva kukude pambili nxa ngibukayo nje.

AmaBhunu la ayindaba egudwini nenkosi le esobuza esikundhleni sika Lord Buxton iyabona nje ukuti ifikile enkosini eSouth Africa. Nati sikongoele belu makosi ningasikohlwa.

Siyamkuleksla nati uSobhuza kaMahlokohla siti, "Bayete". Simfisele ubude besinsuku nokubusa kobuhlakani—isiwe selibuselwe obucayisi.

Angisose ngayeka ukusola izinto engizibonayo ukuti asilungile. Wena Mnyayiza ngitanda ukukutshela ukuti ipepa alisiyo indhlu yesonto lapo nikuluma ningesabi ngoba niyazi ukuti anisoze nependulwa. Sitshele lezo zamalungelo owatshoyo siziswe uyeke ukungitibela.

Kwatijumkwenyana eye ekweni, kuze sebeklelile etafuleni sekuswakale ubucekeceke beswa, dinsi! kanti kuwa inyama yomkwenyana. Zabe simbiwe inaele ku"mangobe" kudekude pandhle.

Bafike bati ontangayeta ekaya "Ibhadi"—ishade komunye ngikuluma nje.

Ilanga libalele kabi. Abantu abasimukile laba umuntu ubafumana sebepefusele njengamasolesole. Sengati kungati nxa behamba bapete esinye ukuze baqqoke zona nxa sebeya lapo beqonde kona.

Ngisacela kwabasiyo ukuti imapi lamandhla abangela ukuba isangoma sikwazi ukubona into esiyifihleleweyo nokununka umtakati nesela. Ngibuza ngazi ukuti nisakuti isangoma siyaqagela. Ngitanda ukuba kupendule abantu abazasiyo isangoma ngoba sikona ezibhula ngempela.

Wena Masebalala ingqondo yako isabalele namaBhunu lawo osasihlanganisa nawo auwazi uwezwa ngendaba. Kesasiyiqondi nento oyilwelayo. Busa sikutahele tina esazi amaBhunu.

EzaseGoli.

UMr. Sam. Nkabini, waseMandlani eMooi River ukwele ngolwesihlanu oludhlule ebange ekaya ngamacala. Useyehla kuyo lenyanga uMr. Wilfred Simon ndokweni waseMudumesulu eManzimtoti ngenxa yokungapili komulobokazi wake. Siyamuswela umufana wakiti okutaleyo.

UMr. Maweli Shabalala waseNangwini Thornville eNatal usehlile ukuyobona ikaya.

Umutwana omuhle iNkosi uSobhuza II. kaMahlokohle usesitatile isihlalo sobukosi baseSwasini. Sibonga amazwi eNdhlovukazi eyamnyala ngawo lapo iti abahlonipe abantu ubukosi abaqali ngaye Washo kwaswakala ukuti umuntu okade epete abantu. Bayete, kula.

Abanumzane baseGoli bapumile ukuyo cela imali yeKongolosi. Sibafisela indhlela emhlope nenhlanhla ebanzi.

Siyajabula ukuzwa ukuti uMr. Sam. Magadi waseMgungundhlovu usengcono.

EzaseMgu'ndhlovu.

Izulu like laba nemvu'a enete kahle kakulu ngesonto elidhlule. Bese lomise kabi, siyayibonga kuMveli- nqanga.

o o o

U Mafukuzela uke waba lapa eMgu'ndhlovu epelekezelwa nguChief Lutayi noMr. M. S. Radebe. Bebehambele igatya lika Congress ngesimemo salo igatya ngendaba yesicelo sika Mr. Makgatho. URev.-Dube uMafukuzela isPresident yeNatal uku ume kahle kakulu waleluleka igatya ukuba lilungiselele amadoda lawo atunywe uMr. Makgatho wati noma bekona abakubuka kabi wati kodwa wonke umuntu akase asize akayeke ukusola ngoba abantu bakiti labo abapesheya futi umlilo uye ucinye kuqela bese kukulunywa ke.

o o o

Kukona umuntu lapa wakwa Ngcamu obulele umfazi. Akuqondakali eisatu, ute ukuba ambulale wase eyozibika yena eC, I. D. eti sengibulele umfazi. Uti kusuke kwapambana ikanda nje wasemshaya njalo emnquma ngembhazo wafa umfazi. Sengati bebengashadile kodwa bekuhleziwe ngale New fashion lokukipita.

o o o

"Yini yona iNational Congress?" Ngi cela keningityele bakiti ukuti umhlangano wabelungu nobe abantu' Kusbo indoda emhlanganweni weGatya lapa ibuzakuMafukuzela nebandhla.

Usepepile impela uMr. Mngadi umnumzane walapa owafika epuma eGoli edutyulwe umkuhlane. Usehamba nesonto futi loku wayengasapumeli nepandhle.

o o o

Selupelile uyaluyalu lokuketa lwabelungu lapa. Songati belulukulu kuna zo zonke izindawo: Sidabukile ngondakda lwakwa Deane ebesiti luzopumelela.

o o o

UMrs M. Sivetye inkosikazi yomufi uRev. Sivetye isinezinsuku ilapa ngeyobuhlungu obuse ndodakazini enca ne uCharlotte okusongati kubhekise pambili esibhedhleia eGray's Hospital.

o o o

UMr. J. S. Gumede unobhala we gatya lika Congress futi engunobhala womuzi wonke ngezindaba zomuzi njengomhlangano weso lomuzi,-uyaba zisa bonke ukuti umhlangano wama Nxusa kaMr Makgatho uyohlangana eSt-Helena Hall eBoshoff Street, ngomsombuluko kusihlwa 21st Feb. 1921, ngo7.30 p.m. bonke ke baze beye neminikelo yokuaiza amaNxusa oGumede pesheya.

UDinuzulu

UKUZALWA NOKUBA-KO KWAKE.

(NguM. M. FUZE.)

Bendhla lakiti elitanda ukwazi izindaba,—Namhlanje nginxusele ukunixoxela ngomNtwana wenkosi yakini, uDinuzulu ong'uMamonga woSuto, ukuzalwa nokuba-ko kwake, nemisebenzi yokuhamba nokuhlupeka kwake, owase wafela kuko es'ehateseke kakulu inganti uengumntwana kakabi ndoda.

Ngojabula inxa beyakuti abakiti bawalondoloze amaswi ami bengawalahli, ukuze kuti noma sengihambile mina basizakale yiwo lapa, abantwana babo bezwa ukuhlupeka kwomntwana wenkosi yakubo, bese bekumbela abantu babo.

Izwi lokuqala enginiyalezo ngalo, madoda, ngiti nise nengabeqambi abantwana beau ngamabiyo apambene nokufisa kwenu; auoti nibeqamba nibe uicabangile, nikumbule ukuti ibizo liyakulandela umninilo.

Isigqi sokuqala enginganikeaim ngaso yilesi esivezwe ngeoyisamkulu naokoko bake, esona sivesa lesi sinhlanvu engisipete kulelizwi, engasi ukuti bonke abapepomeyo abesengqondo njengabantu bayakwazi loku engikutshoyo. Amakosi ekwa angaoyisemkulu naokoko bake, ngitata ibizo lika Ndaba indodana kaPunga; oyena waqalisa ukuswakalisa izwi lokuti ubukosi obukulu buyakuhlaluka ezalweni yake, owati alesile esegumfana esokileyo, esendhle, waqamba ihubo elikulu lesizwe sakwaZulu elimiyo njalo namuhlanje. Ngenye owahaya lelihubo elikulu kunawo onke lokuti:—

A! Ha! Oye!
uNdaba uyinkosi.
Oye! Ha! Oye!
Ji-ji-ji!
A! Oye! Ji-ji-ji!

Lelohubo alihlatshelelwa kungonakele luto, aliko futi elilingana nalo.

Yena-ke uNdaba indodana kaPunga, uyise wamuta ngalelobizo emlinganisa nesintaba esinkulu ezingapesulu kwesinye zonke. Kuleyo nkati isibongo sakwaZulu sasingesiso esakwa "Ndabezita," sabe sengesakwa——————okwabe kuvanywe ukuba kutiwe kubo, "Wena wakwaSibongo' sibi esingabizwa ngabalandakazi." Lesi sibongo sokuti kubo "Ndabezita," sivele ngoNdaba indodana kaPunga, kaMageba, kaNkosinkulu, kaZulu, kaNtombela, kaMalandela, kaMnguni, isiqu sabo. Lelobiso lokuti nguNdaba, kungati uPunga wabe eselinganisa ngaye ukuti namhlanje, yena uzaele inkosi enkulu kunamanje, ngoba nempela babengakabizwa ngaleso sibongo sikaNdabezita. Futi le indhlu yakwaZulu yabe isengapansi kweyakwaQwabe, ifana nesifunda seduna nje yona ubukosi bung'obakwaQwabe.

Yena-ke uNdaba wazala uJama, eti ngaloko ujame ngekiwa lomkonto esiteni sake. Wati-ke uJama wazala uSenzangakona; etsho ukuti "Loku sikwenza ngakona" epete ukuzalwa kwendodana yake. Ngako-ke uSenzangakona ezala uTshaka esaku"tshakazisa" isizwe sonke, noDingane oyako"dinga" ase ayofela oBonjeni, kanye noMhlangana oyakubulaweiwa "emhlangeni, no"Mfihlo" oyakadhliwa "imfihlo" emhlangeni, emfuleni, kanye nabanye abaningi ababezelwe uSenzangakona, oMpande, etsho ukuti nguye oimpande yomusi wakwaZulu. Nguye ke lowo owazala umuzi wakona. Nango-ke naye ezala uCetshwayo, eti uyacetshwa; noMbulazi, nabanye abaningi. Nango-ke naye uCetshwayo ezala uDinuzulu; eti uZulu uyadinwa nguye. Nango-ke noDinuzulu esezala uMapumuzana noNyawana; eti ngaloko "Ngizitolile izinyawo ezizakungihambela, nalowo ozakungipumuza emtwaleni ekade ngiwutwele.

Nonke-ke niyazibonela kuloku engikubalayo ukuti ibizo lilandela umninilo njengesitunzi somuntu nesento yonke eawayo nengeswayo.

Isaqutshwa.

Isimemo Esibanzi.

NATAL NATIVE CONGRESS.

Kubizwa umhlangano kaNatal Native Congress ukuze uhlangane eMgu'ndhlovu ngo 25th kaMarch ngesikati sika 10 wakusasa.

Izindaba yilezi:—

1. Kumenywe iNkosi uDambuza ukuba ase abekona azazele abantu ngomteto omutsha, Native Affairs Act.
2. Kuyakuketwa abapati sikundhla balonyaka.
3. Inhlangano iyoxoxa ukuba itini ngamapasi, itini ebandhleni elisha le Parlamende nezinye izindaba ezipatelele kubantu.

Ninikwa isikati ukuba amagatsha aqoqe imali kaCongress, alungele ukutuma abantu bapelele ukuze kucinywe omsindo ohlala ukona. Okwehlula ibandhla kuyabikwa.

J. L. DUBE.
M. S. RADEBE.
M. M. GUMEDE.

WAVIMBELA UKUSIKWA.

Uyasinje ukuti inkolisa yabantu abagulisiwa isifo samatumbu kusuke kuvezwe ukusongelwa? Izinhlamvana zikaChamberlain zelapa ukusongeleka ngisho sekungasapeli. Ake uzilinge. Zitengiswa yibo bonke abatengisi.

Ezase Ixhlabeni

(Ngu Sompungana)

Aa, mfana waseNgoma usa'obe uyezinkale ucesha isagiya sika Mr. Sivetye usipindelisa kuye? Qa, uyigwala wetu! Kanti uqaqaela bangaka? Suka!

Umfo wase Hoho, ukala ngoma jengesi agane amadoda afelwayo bona baseHoho babe bahlezi. Qa, mntanomi, kubhe-ke kuyakitinela uma konisele nina esifeka ekala sibe singenayo ngisho eyokuti naku sekufiwa, siye kube labo ngoba beshewhise. Nina pela niliboia ukudhla nihlafune nish'ye ehlatini, ningo"Madhlela ehlati". Bayekeni abadhlala endhlini! Lordebe yemiti yabantu zayavaiwa lapa eLangeni singecito isikati wena waseHoho, umhlaba seku ngowabelumbi. B ti eyakiti imiti (Poisoning Roots) ngu[illegible] yenza amantombazana akale engezhayiwe muntu (abayize) mibi. Imiti yakini wena wase Hoho iyrewensisa. Futi siyatakata nibutale iziwe ngayo, nabafazi sebenezimpondo zawomendangapakati, amadoda usewafuana esoyimilota nje! Yiyoke imiti yakini leyo. Ngiti mina mayiyekwe eyabantu!

Ngibona eMhlabeni abafundisi be'Vangeli behambasa bengagqoki luto, bengenandhla, futi bengenawo ngisho no"Muva" kanti njalo beyalamba. IVangeli likaTixo alinayo indhlela kulabo abalipeteyo, nxa abapati beVangeli likaTixo bese nendhlela bengabaswell, iginiso lomoya aliko ngapakati kwabo Zihlaleni befundisi.

Ngibona eMhlabeni, izinkomo zabantu zifa. Amad pu lawa kanti kasizi luto, mabi ngoba azibulala zezandile izinkomo. Kusobala ukuti zisaupela sibuye zitatele pansi njengolandspense. EMvoti ngizwa izwi lokulila ngokufa kwaso.

UMr. D. S. Nkosi, unomqondo wobufana wokucabanga uZIPATE. Asiboni tina ukuti usho ngani ukuti isizwe sakiti esikwazi ukubhusa izindaba? Embiabeni wonke asiko isizwe esikwazi ukubhusa izindaba sipele kahle njengomuntu omnyama.

Ngibona impi enkulu emhlabeni wonke. Ngibona nxa lendaba yamaNegro aseMelika eqinisa ukufika lapa ukuti, abakiti ngeneno ngapa abawavumeli. Nxa bebewavumela beng ti mina kuhle uma uKongolose ame ngesinyawo atumele amadoda eMeleka. Lawo madoda ayocebisana nabaaziwena betu ngayo yonke indhlela yabo yokuza neno babe moya munye namhlanje nje, ukuze bayafika oka NTU umi ngonina ekuswaneni! Tumelani amaNxusa eMelika, keniyeke ukucita imali yase niqonda eNgilande. Kade kwasa nibuya nivatazela, manje landeni abakini abazoni xoxisa lendaba. Yiceba likaNkulunkulu leli. Onamehlo, nasindhle e uyezwe, uyabona.

Ukupakamisa uhlanga oluNsundu.

Ngisapinde, namhlanje kakuyizo izikati zokudhlala nokuhleka. Umuntu onsundu ufanele avule amehlo ake kabanzi, abone ukuba ukuh aia kwake kunjani manje, nokuba kuyakuba njani ngesemva. Into enkulu, kusweleke amadoda anengqondo ebanzi kakulu ukuzanza amasu okungenzanywa wona. Ngisho amasu angazanywa yitabo abasanekekele ukuzenza ngcono, nokufunela isizukulwane sabo inhlala kahle. Umuntu usecishe apelelwe yitemba ngoba abaningi sebezinikele emikutheni emibi eminingi, engeke umuntu impilise nasemzimbeni nasempefumlweni; engeke futi umuntu imakele nomuzi wodwa lo. Pakati kwabantu bakiti, abakolwayo nabangakoliwe kukona abaninginingi abalibele kukala ngokuhlupeka nje. Kakulu emadolobheni. Kepa nokuncane abakutolayo, bakupelelisela etshwaleni nakonondindwa, nasemapepeni, nasekudhleni okungasizi luto, nakosikelete! Kodwa onk'amalanga bakala ngokuhlupeka!

Ngiti, uma kubalwa, kulinganiseka ukuti [illegible] labantu abasebenza eTekwini iyisiaa ngwane esingamashumi amatatu nesishiyagalombili (38,000). Kambe uma bekunjalo, uma futi besingabantu abanengqondo ete nse, bekoba njani na? Uma besisinqumela sonke nje, ukuba sipume ekuhlupekeni, besingaketa amadoda anokwetenjwa impela senze esikulu isikwama, sigcinwe eBhange ngegamu ebelingaqanjwa iteyonhlangano; lawo madoda abe ngabagcini baso, kumiswe incwadi yesibopo senhlangano (Constitution), nalawo madoda angabapati abhalwe eBhukwini, abuswe yinhlangano ukuba angazenzeli akutandayo ngemali yenhlangano. Kumiselwe ukuba abike izinyanga zonke imali engenileyo esikwameni. Kuti, ekupeleni konyaka abike yonke inzalo yemali eBhange, kanye nemali yonke ipela nenzalo yayo. Kusobala ukuti uma kube yilowo wakipa umpondo ngenyanga, kungapela £38,000. ngenyanga inye nje, Ngokupela konyaka kungape'a £456,000 (noma pela kungenjalo kungasedone kwaloko). Kutike lemali ih ale ilungele ukutenga amapulazi ayo inhlangano. Uma setolakala, bonke abanhlangano beyosisebenzela kuwo, bafuye konke, batime konke. Kumbulani ukuti kanpixoxi indaba njengikuluma ingqondo enkulu, engesetshenziswa yisiswe esezizimisele ukuvuka. Kubelungu nakumakula sizwela isinhlangano zawadoda anengqondo ezinendatane yemali amaBhange. Uma simi ngalendhlela yamanje, abanye bagcina babe sikwata zabelungu kanye nemisi yabo, bedhle ukudhlana kokwemukeliswa, belale endhlini yomlungu bengasenandawo yabo. Umuntu angalibali ukwetemba abanye; kazetembe yena. Uma setemba abanye, sokala sikale sise sife "Ileyo ntendele ipendela kwesayo." Zonke izindawo, nasemabandhleni amakolwa esinoleni ngezinsoze, kufanele ibandhla libe nesikwama salo ngoqobo; ukuze libonelele nezingane zalo ispo kuswelekile kona.

Isaqutshwa,

P. LAMULA.

INDEPENDENT METHODIST CHURCH OF AFRICA.

MPAMBA, MOUNT FRERE.

Inhlanganiso yabafundisi etiwa iSynod yalelihlelo elingenhla ibihlangene eMpamba kusifunda sase Mount Frere Griqualand East kutabatela kuJanuary 12 kuya kuJanuary 16. Yaqalaka inhlanganiso enhle kakulu ngomvulo Jan. 17. Inhlalo sipetwe nguChairman weDistrict okuyena President yeKomfa uRev. J. Msimang owasiwa eTransvaal, Natal neSwaziland ngegama lokuti uNgadala. Abafundisi abebekona eSinodini ngoRevs. J. Msimang, Chairman, P. Pupuma, E. Mentshingana, W. Mtantshana no K. W. S. Qwana uNobhala obuye wati kulonyaka waketwa ukuba nguNobhala weSynod. Izindaba zibenkulu kakulu noko amadoda akaTixo asiquba ngeyonandhlela ifanele ngakumbi kuPastoral Session kube kona nezimaaikisi ngesiXosa.

Into etokozise umhlangano eyokuti uMfundisi wase Mvuzi uRev. K. W. S. Qwana usesebenze umsebenzi omkulu wokubhalelana nesiMantshi noHulumeni ecela isiza sesonto. (Church site) okute ngemizamo emikulu nepezu kuba uChief obesete uyasicita evuna abantu abakishwa ebandhleni ngesiposiso sate washaya pansi sapumelela. Namhlanje incwadi yemvume evela kuMinister of Lands, Pretoria ilapa sapiwa umhlaba oyi half Morgen. Into yesibili abantu bamanye amahlelo bebepika belwa befunga begoma ukuti ihlelo lamaDipende alinakusifumana isiza nokushadisa ngakumbi lapa eMbo, Griqualand East. Namhla badanile, ngakumbi abaseMabandhleni amhlope, ukuzwa nokubona ukuti kubandhla leIndependent Methodist Church uRev. K. W. S. Qwana usizusile isiza futi uvunyelwa nguHulumeni ukuba nguMshadisi "Marrige Officer." Into ebebuhlungu eyokuba kute iliswe ngobumnandi nomhlali yalo lati lalibulalela abafundisi ababili abazidumbu sabo sesifakwe emabhokisini ukuba zitwalwe ziyiswe kuConference eJohannesburg ukuba ziyongcwatywa. Enye intwana engasanga mnandi kuRepresentative Session eyemali kaRona ebencane ngenxa yesveukufa yindhlela kwaba ngummanga [illegible] nokuti yona lena ifunyanwe kanjani ngakumbi kumabandhla aseTranskei lapa selibe nendhlala iminyaka emine ngokulandelana kwayo kanti noko uTixo usazobenza abantu bake bawenze umnikelo wemali nesigusha esiyi 25. Izintshumayelo bezinamandhla lapa kuhamba kona izinto zaoPupuma noMtantshana namaGosa izinto zaoNcukana uAmos noMtyu uJames. Izimvuselelo zasinamandhla kakulu. Umuntu omkulu ofumaneke kule Synod uafo kaGqoli indoda endala nenduna yenkosi eMakaula ongaseko onguLazarus Gqoli epezu eKenegha River. Into engummangaliso ukuba iSynod yetu neyaobawo amaWesile singene langalinye eyawo yangena eRode lapa umfundisi kungu Rev. Jas. W. Magobodi. Abantu abamkele umtondeleko weNkosi 24 abantu abangena ngapa kanti endhlini yesonto bese babalwa 106. Kanti amabandhla aseMatabele abasamile umhla wokungena kwe Synod bawukohlwa. ISynod esayo ingoJanuary 1922 eMgcwe, eMpukano Circuit. Idutywa District. Ibandhla lonke 1,053.

Izinja

Insumansumane umhlola wehlile Akeniswe inani lapo bekutengwa kona izinja elalington, eLondon, kona eNgiland. Bekukona umbukiso wezinja eripambili impela besibekelwe inani lika £000 inja inye Imiwundhlwana yalezo zinja yatengwa ngo 50 pounds. Enye ineminyaka emibili yatengwa ngo 800 pounds uhlotshana nje lwenja. Nosiyetshana lapo badhla imali ende, ngitsho izinjana ezitandwa oMesisi. Yini kanti ekubelungu laba? Singeswela imali kengaka nabo sibambe sibabona beti bacela imali emadolobheni, yabalambayo, nezimpumpuse nezinyonge. Kanti imali baadhlala ngayo batenga izinja zawo 3000 pounds. Pela nizomangala nxa nginitshela ukuba eAmerica nase Ngilande izinja zino Dotela baso. Ngisanda kubona omunye ekade elape enye yalezi ziyetshana zezinja ezimhlotshana, zawo Mesisi wahola ngaloko 50 pounds. Kwaku ise Amerida. Ziyatotoswa zilala komatilansi abayinofonofo, zidhla inyama zonke izinsuku, sihenjiswe nangesimoto ukuba zitshaywe umoya omuhle, inja umgodoyi. Nanso inkanyiso yabelungu. Umuntu ebalandela angagueelwa ingubo. Ungeke ubazi lapo beqonde kona nokuhlakanipa nokucaba kwake. Leyo mali okudhlalwa ngayo ingadhla yefundise abantu abamnyoma abaningi. Izinja kubona ziyinto enkulu kunabantu,